Amagugu e-PanSALB

Ukusebenza kwe-PanSALB nabo bonke abo abanotho kuholwa amagugu ayo. Amagugu akhethiwe avumelana nokuthunywangokuvumela abasebenzi ukuba bathande ukuthunywa kwabo, bahloniphe abanye kanye nezilimi, babe nokuzibophezela,bangabi nabumfihlo, futhi bazibophelele uma benza okuthunywe i-PanSALB. Amagugu achazwe ngezansi:

- Inhlonipho
- Ukuthatha uxanduva
- Isithunzi
- Ukungabi namfihlo
- Ukuzibophelela
- Uthando

UMthetho Ofanele

I-PanSALB yasungulwa nge-1995 ngokoMthetho Webhodi Yezilimi yaseNingizimu Afrika (i-PanSALB) we-1995 njengoba uchitshiyelwe nge-1999.

NgokoMthetho we-PanSALB weRiphabhliki yaseNingizimu Afrika, ukuthunywa kwe-PanSALB kususelwa kuMthethosisekelo waseRiphabhliki yaseNingizimu Afrika, isaHluko sesi-6(5) (a) no-(b), kuMthetho Wokuphathwa Kwezemali Zomphakathi wama-29 we-1999 kanye noMthetho Wezinkampani wama-61 we-1973, isahluko sama-21.

IKOMKHULU:

UCingo: (012) 341 9638/9551 **Ifeksi:** (012) 341 5938
I-imeyili: communication@pansalb.org

IKheli Lendawo:
5th floor, Provisus Building, 523 Church Street,
ARCADIA, 0007

IKheli leposi:
Private Bag X08, ARCADIA, 0007

IHHOVISI LESIFUNDAZWE

IMpumalanga Kapa
UCingo: (043) 726 2600 Ifeksi: (043) 721 3379

IFreyistata
UCingo: (051) 448 2308/2300 Ifeksi: (051) 448 3189

IGauteng
UCingo: (012) 361 7117 Ifeksi: (012) 361 6116

KwaZulu-Natali
UCingo: (031) 304 5621/5631 Ifeksi: (031) 304 5634

ILimpopo
UCingo: (015) 291 5888/5898 Ifeksi: (015) 291 5898

IMpumalanga
UCingo: (013) 656 0307 Ifeksi: (013) 656 0361

INyakatho Kapa
UCingo: (053) 8320037/2293 Ifeksi: (053) 832 1280

INtshonalanga Kapa
UCingo: (018) 384 0120/0123 Ifeksi: (018) 384 0122

Ntshona Koloni
UCingo: (021) 421 8506 Ifeksi: (021) 425 2399

PanSALB
PAN SOUTH AFRICAN LANGUAGE BOARD

IBrosha
Yolwazi

ISIZULU

"Isizwe sinye izilimi zaningi"

Iyini i-PanSALB?

IBhodi Yezilimi yaseNingizimu Afrika (i-PanSALB) uhlaka olizimele lukahulumeni, kuya ngoMthethosisekelo kuphela kanye nomthetho lowo iBhodi elakhiwa ngawo nge-1995. Zonke ezinye izinhlaka zikahulumeni ziyaliwe ukuba Zisebenzisane ne-PanSALB futhi zingaphazamisa ukufezwa kokuthunywa kwethu.

IBhodi yokuqala yakhiwa nge-1997.

Yini esiyenzayo?

I-PanSALB imele ukusetshenziswa kobuliminingi eNingizimu Afrika ngokwenza okukulandelayo:

- Senza izincomo ngokuphathelene nanoma imuphi umthetho, ukwenza noma inqubomgomo ngokuphathelene nemidanti yezilimi kunoma iliphi izinga likahulumeni.
- Senza izincomo kuzinhlaka zombuso kuwo onke amazinga ngokwamukelwa kwezinyathelo okuhloswe ngakho ukukhuthaza ubuliminingi.
- Siqhubekisela phambili ngenkuthalo ukuqwashishwa ngokusetshenziswa kobuliminingi njengomthombo wesizwe.
- Siqhubekisela phambili ngenkuthalo ukuthuthukiswa kwalezo zilimi ezazishiyeke ngaphandle ngaphambilini.
- Siqalisa izifundo nocwaningo ukukhuthaza kanye nokudala izimo zokuthuthukiswa kanye nokusetshenziswa kwazo zonke izilimi ezisemthethweni eNingizumu Afrika, i-Khoe, i-Nama kanye nezilimi zama-San kanye noLimi Lwezandla laseNingizimu Afrika
- Sikhuthaza futhi siqinisekise ukuhlonishwa kwazo zonke izilwimi ezisetshenziswa ngokujwayelekile abantu beNingzimu Afrika.
- Seluleka ngokuqondaniswa kokuhlelwa kwezilimi eNingizimu Afrika futhi sigqugquzelela ukusebenzisana kwama-ejensi ezilimi eNingizimu Afrika.
- Sakha amakomidi ezilimi zezifundazwe kanye nemigwamanda kazwelonke yezilimi ukuze yeluleke nganoma imuphi umdanti othinta isifundazwe noma ulimi oluthile.
- Sakha amayunithi kazwelonke okubhalwa kwezichazamazwi ukuba asebenze njengezinkampani zesaHluko sama-21 futhi siwahlinzeka ngezimali ukuba enze imisebenzi yawo.

Sizama ukwenza imisebenzi yethu ngaphandle kokwesaba, ukukhetha noma ukwenzelela.

Kungani sikhona?

Ngenxa yesimo sethu sangaphambilini kanye nohlu olubanzi lwezilimi namasiko kuSizwe sethu Esimibalabala, isishayamthetho sakha i-PanSALB ukuba ivikele amalungelo ezilimi zabantu futhi ikhuthaze ukuthuthuka kukazwelonke.

Sigade ukuba kungabi nolimi oludlula olunye ngokudla izimo zokuthuthukisa kanye nokusetshenziswa ngokulingana kwazo zonke izilimi ezisemthethweni.

Silwela ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu waseNingizimu Afrika akwazi ukwenza izinto ngolimi azikhethele lona, futhi sikhuthaza ukusetshenziswa kolwimi lwebele, ikakhulukazi ezingeni lemfundo eliyisisekelo.

Siphoqelela ukuhlonishwa futhi sikhuthaza sikhuthaza ukusetshenziswa kwezinye izilimi okungezona ezomdabu ezweni.

Sikhuthaza ukusetshenziswa okungcono kwemithombo yezilimi ezweni ukuze abantu baseNingizimu Afrika bakwazi ukukhululeka kuzo zonke izinhlobo zobandlululo, ukubuswa, kanye nokuhlukaniswa ngokolimi.

Sisebenzela ukuba wonke umuntu waseningizimu Afrika asebenzise ukukhetha okufanele kwezilimi empilweni yakhe.

INhlosombono, Inhloso Namagugu

INhlosombono ye-PanSALB

“ISizwe esisebenza ngenhloso ngezilimi zalo zebele/ ngenkathi sikhuthaza ukusetshenziswa kobuliminingi”

IHloso ye-PanSALB

“Ukuhlinzeka ngemikhiqizo nezinsizo zezilimi eziholela ekusetshenzisweni ngokufanele kwazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika kumbandakanya iziLimi zamaKhoi, amaNama namaSan kanye noLimi Lwezandla, ngokugcizelela okukhethekile kwalezo zilimi ezazishiyeke ngaphandle ngaphambilini.

Lokhu kuzofezwa ngokuthuthukisa, ukulondoloza, ukuqhubekisela phambili, ukuvikela amalungelo ezilimi, kanye nokuphoqelela ukuhlonishwa kolimi.”